

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

09/2016 Intshumayelo ngomkhosi wePhifaniya, ngomhla ka 10. 01. 2016

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela usuku lolu, lilotshiwe ku 1 Joh. 2:8b lithi: **Ubumnyama buyadlula nokukhanya keqiniso sekuyakhanya."**

1. Iculo 75/68
2. **Umkhuleko:** Nkosi, singcwelise ngeqiniso lakho. Izwi lakho liyiqiniso. Amen.
3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Isaya 60:1-6;
Iphistola lohlelo lwesine lilotshiwe kwabaseKolose 1:24-27;
Ivangeli lohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 2:1-12.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 76/69
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseEfesu 3:2-6, lithi: "Uma ngabe senizwile ngehlelo lomusa kaNkulunkulu engiwuphiweyo ngenxa yenu ukuthi ngaziswa imfihlakalo ngesambulo, njengalokho sengaloba ngokufushane - okungakho, nxa nikufunda, ningaqonda ukwazi kwami ngemfihlakalo kaKristu, bengayaziswanga abantwana babantu ezizukulwaneni ezinye, njengalokhu isiyambuliwe manje kubaphostoli bakhe abangcwele nabaprofethi ngoMoya ukuthi abezizwe bayizindlalifa kanye nathi, nokuthi bamzimba munye nathi, nokuthi bangabahlanganyeli besithembiso kanye nathi kuKristu Jesu ngevangeli." Amen.

8. Intshumayelo: Bandla elithandekayo leNkosi uJesu, umkhosi wePhifaniya ungumkhosi kaKhisimuzi wabezizwe. UJesu Kristu uza kuzo zonke izizwe; nezizwe ziza kuye. Njengoba sizwile ukuthi izazi ezavela lé kude empumalanga, zalandela inkanyezi, zize zifike eBetlehema. Namanje kusenjalo. UJesu Kristu ufuna ukuza kuzo zonke izizwe; nezizwe eziningi ziyasondela, ziyeza kuye. Inhloso yomusa kaNkulunkulu iphilile kuze kube namuhla, isaqhubeka yonke indawo lapha emhlabeni, enyakatho naseNingizimu, empumalanga nasentshonalanga, yebo, inkonzo nesimiso somusa kaNkulunkulu sisasebenza naphakathi kwethu. UNkulunkulu uqobo lwakhe wambula imfihlakalo yehlelo lakhe, usambulela imfihlakalo kaKristu. Lenhloso yakhe maqondana nokuhamba kwezwe yayikhona ekuqaleni, yebo naphambi kokudalwa kwezulu nomhlaba. Lenhloso yakhe maqondana nokuhamba kwami yayikhona ekuqaleni, yebo naphambi kokuzalwa kwami. Lenhloso maqondana nokuhamba kwevangeli lakhe, maqondana nokuhamba kwebandla lakhe yayikhona ekuqaleni, yebo naphambi kokuzalwa kukaJesu. Asimbuzi uMdali wethu ukuthi wenzelani lokhu na? Singamangala kuphela phambi kwalemfihlakalo.

Ngenhloso yakhe uNkulunkulu ufuna wonk' umuntu yonk' indawo zonk' izikhathi. Makabongwe uNkulunkulu othanda ukuba abantu bonke basindiswe, bafinyelele ekulazini iqiniso. Lokhu kwabayinhlanhla yethu thina-maJalimani, esivela kwabezizwe. Lokhu kwabayinhlanhla yenu nina-maZulu enivela kwabezizwe. UMphostoli uloba ukuthi: abezizwe bayizindlalifa kanye nathi, nokuthi bamzimba munye nathi, nokuthi bangabahlanganyeli besithembiso kanye nathi kuKristu Jesu ngevangeli.

UNkulunkulu ngomusa wakhe omkhulu uyamthumela uKristu wakhe phakathi kwethu. Ningesabi; ngokuba bhekani, nginibikela izindaba ezinhle zokuthokoza okukhulu okuzakuba-kubantu bonke ukuthi nizalelwe namuhla uMsindisi onguKristu emzini kaDavide. Imfihlakalo kaNkulunkulu, imfihlakalo kaKristu iyabonakala ensimini yaseBetlehema kulobubusuku obungcwele. Abazali bakaJesu, oMariya noJosepha babonile lokhu. Abelusi babonile lokhu futhi. Izingelosi noquqaba lwebandla lasezulwini lubonile lokhu. Izazi lezi zasempumalanga zibonile lokhu. OSimeyoni noAna babonile lokhu ethempelini: Sale usumukisa ngokuthula inceku yakho, Somandla, njengezwi lakho, ngokuba amehlo ami abonile insindiso yakho oyilungisele ebusweni babantu bonke, ukukhanya kokwambulela abezizwe, nenkazimulo yesizwe sakho uIsrayeli, nokuthi nokuthi nokuthi.

Kusukela kulesosikhathi abantu abangenakubalwa babonile lokhu, aze avuleka namehlo ethu lapha ekhaya, thina-bantu basemanjemanje. Yizwani kahle: Imfihlakalo kaNkulunkulu, imfihlakalo kaKristu iyabonakala ngamehlo okukholwa kuphela. UNkulunkulu uthumela izithunywa zakhe: abaprofethi nabaphostoli nabavangeli nabafundisi nabazali nabazalwane ukuba bachasisele emandleni kaMoya oNgcwele okuyimfihlakalo kaNkulunkulu, uKristu ahlale ezinhliziyweni zethu ngokukholwa, ukuze sigxile, sisekelwe othandweni, sibe-namandla okuqonda kanye nabangcwele bonke okungububanzi, nobude, nokuphakama, nokujula, nokulwazi uthando lukaKristu oludlula ukwazi konke, ukuze nigcwaliswe kube-ngokugcwala konke kukaNkulunkulu, (Ef. 3:16ff.)

Uma uNkulunkulu uqobo engabonakalisi imfihlakalo sihlala sibe-yizimpumputhe njalo size sife ngaphandle kokubona, nokuqonda, nokukholwa, ngaphandle kokwazi njengabezizwe abangakholwayo. Roma 12:33: Yeka ukujula kwengcebo, nokuhlakanipha, nokwazi kukaNkulunkulu! Yeka izahlulelo zakhe ezingaphenyekiyo, nezindlela zakhe ezingaqondakaliyo! Ngokuba ngubani owawazi umqondo weNkosi na? Nokuba ngubani owaba-ngumluleki wayo na? Yebo, sikhuluma ukuhlakanipha kukaNkulunkulu emfihlakalweni efihliweyo uNkulunkulu akumisela ngaphambili... njengokulotshiwe ukuthi: Lokho iso elingakubonanga, nendlebe engakuzwanga, okungavelanga enhliziyweni yamuntu, uNkulunkulu akulungisela abamthandayo. Kithina uNkulunkulu ukwambulile ngo Moya, (1Kor.2:7)

mysterion mystery Geheimnis imfihlakalo. Emkhombeni sibona umntwana omncane kuphela, nokho uMinimandla onke ulele lapha phambi kwethu. EGolgotha ulenga umuntu ompofu owalimala, ojuluka amathonsi egazi emzimbeni wakhe wezinhlopheko, nokho iNkosi yamakhosi onke uphanyeka lapha emuthini wesiqalekiso. Lomuntu wobuhlungu owazi ukugula wabalwa

kanye nezelelesi, uliQhawe likaNkulunku nokho. OPhezukonke, bandla, wathwala nokho izono zabaningi, nezakho nezami.

Uma ngabe senizwile ngenkonzo yomusa kaNkulunkulu engiyiphiweyo ngenxa yenu ukuthi ngaziswa imfihlakalo ngesambulo, vulani izindlebe nemiphefumulo, nezingqondo nezinhliziyu zenu ukuba nizwe nibone niqonde lemfihlakalo njengabantu baseEfesu. ...njengalokho sengaloba ngokufushane-okungakho, nxa nikufunda, ningaqonda ukwazi kwami ngemfihlakalo kaKristu, bengayaziswanga abantwana babantu ezizukulwaneni ezinye, njengalokhu isiyambuliwe manje kubaphostoli bakhe abangcwele nabaprofethi ngoMoya. Nihlale phansi, niphenye lencwadi engcwele, nifunde ukuba nizwe nibone niqonde indlela kaNkulunkulu kuzo zonke izikhathi ezidlulileyo.

Isiyambuliwe manje kithina bantu abasekhaya ukuba singesabi kodwa sisindiswe, siphile phakade naphakade. mysterion mystery Geheimnis imfihlakalo. Yilowo nalowo oqonda lokhu, ubona kangcono okwenziwa ekuphileni kwakhe. Oqonda lokhu ubona kangcono nezinsuku ezinzima, ubona kangcono nemfihlakalo yeminjunju. Siyadlula kubuhlungu, siyadlula kobunzima, siyadlula kwezinhlopheko, nokho siyanqoba kodwa, nokho siyabusa, nokho siyaphumelela, nokho siyafinyelela emgomeni. Singenalutho nokho siyizindlalifa. Siyagula, siyasokola, siyadhodhoba, siyafa nokho siyaphila.

Imfihlakalo ithi: Singabahlanganyeli besithembiso, nakulomnyaka omusha ophambi kwethu, nakuzo zonke izinyanga lezi eziyishumi nambili, kusasa nangomhlomunye. Thina-makholwa siyaqonda okuphambi kwethu; siyaqonda okusemva kwethu nalokhu okuzayo. Ngoba simazi owabakhona njalo, simazi ozayo, siyamazi ozoba khona njalo kuze kube phakade naphakade: UJesu Kristu, uMsindisi wezwe lonke nomfowethu othandekayo. Mayibongwe imfihlakalo kaNkulunkulu. Amen.

9.Umkhuleko: Nkosi Nkulunkulu, Baba othandekayo osezulwini, siyabonga. Sibonga umsa wakho omkhulu owasithumela iNdodana yakho ethandekayo uJesu Kristu ukuba sibe nethemba, nentethelo, nensindiso. Ubasize, ubahawukele nabanye abasahlezi ebumnyneni ukuba bezwe, bakholwe lemfihlakalo yakho engakhulumekiyo, sisindiswe nabo ngoJesu Kristu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 77/70

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2010 ngu-K. G. Tiedemann

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.